UKUHLAZIYWA KWENOVELI 2018

ISIHLOKO SENOVELI: KUXABENE UBENDLE

ISETHULO

Le noveli imayelana nokuvezwa kwezinto ezikhungethe isizwe esinsundu okungubugebengu ukungaqondwa kahle kwenkolo kanye nenkinga yemali (umnotho). Umbhali lapha uzama ukuveza ukuthi emphakathini onsundu abantu baphila ngezindlela ezahlukene ezinye zazo lezo zindlela zigcina sezihlukumeza abanye abantu. Uphinde futhi aveze indlela abayibuka ngayo inkolo kanye nezinga labo lokukholwa. Ngokwesakhiwo kusukwe kubhekwa indlela izigameko ezihleleke ngayo. Okuyikona okubhekisisiswayo imbangela yokwenzeka kwezinto Kanye nomphumela wokwenzeka kwazo. Ngamanye amazwi asibheki nje izigameko, kodwa sibhekisisa ukuthi yini edala ukuba isigameko leso senzeke nanokuthi yini umphumela waleso sigameko endabeni.

ISINGENISO

Lapha umbhali usethulela umlingiswa omkhulu kanye nokumxhakile empilweni. Umlingiswa omkhulu kule ndaba umfundisi uSokhela. Isizathu esenza umfundisi uSokhela abe ngumlingiswa omkhulu yingoba indaba yakhelwe phezu kwakhe. Isimo senhlalo yisona esenza abhekane nezinkinga empilweni. Kule noveli umbhali usethulele umfundisi ebhekene nezinto ezimbili ezimxakile empilweni yakhe. Okokuqala kuvela ebhekene nenselelo yobuhlongandlebe bomntanakhe womfana. Ogama lakhe nguSibusiso ongene shi ebugebengwini. Le nto iyamkhathaza kakhulu umfundisi ngoba inomthelela ongemuhle emsebenzini wakhe wobufundisi. Imphonsela inselelo enkulu ngasohlangothini lwamakholwa. Lokhu kugcina sekwenza kubenzima ukwenza

umsebenzi wakhe ngendlela ekhululekile. Okwesibili isikhundla sakhe sobufundisi sizulelwa ngamanqe ngenxa kanobhala wakhe ofuna ukumkethula. Isizathu salokhu kungenxa yesimo sempilo ayiphilayo umfundisi esingcono kakhulu ngaphambi kokuba ngumfundisi, nempilo ephilwa ngunombhala wakhe engagculisi neze.

UMZIMBA

Yilapha indaba yenzeka khona ngenxa yezigameko ezehlela abalingiswa njengamalungu omphakathi. Lapha silindele ukuba umbhali ayenze indaba yakhe ikholeke ngokuthi lokho okwehlela abalingiswa bakhe kube yilokho okungenzeka noma okwenzekayo emphakathini esihlala kuwo. Ukukholeka kwendaba kuphinde kuncike kakhulu ekutheni okwenzeka endabeni kuyahambelana yini nomphakathi. Nokuthi umbhali afake endabeni lokho okuwusizo nokuyiqhubezela phambili indaba. Isizathu ukuthi indaba iyisibuko somphakathi lapho umphakathi ozibuka khona mayelana nokwenzeka ezimpilweni zabo.

ISIZINDA

Indawo: le ndaba yenzeka endaweni yaseThekweni kwelinye lamalokishi amakhulu eNingizimu Afrika uMlazi. Ilokishi liyaziwa ukuthi liyindawo enjani nanokuthi asunguleka kanjani ukuze abe izindawo zokuhlalisa abantu abansundu. Ilokishi indawo emeleni nosikompilo lwabantu abansundu mayelana nendlela akheke ngayo. Ukukhululeka kuncane kakhulu ngenxa yokuzaca kwendawo, isimo abantu abahlala ngaphansi kwaso esokumpintshana. Esenza kube nzima ukuphila ngokukhululeka kwabantu abadala abanganene. Kuphinde kuvele futhi endabeni ukuthi abanye abantu babehlala ezindaweni eziyimijondolo ngenxa yokuntuleka kwezindlu. Imijondolo ivezwa iyindawo enganambitheki ukuhlala kuyo ngoba isimo sezindlu asijabulisi silahlisa amathemba

ngokungabibikho koqhakazompilo. Mayelana nokukholeka kwendawo, umbhali ukwazile ukukwenza lokhu ngendlela ephasile ngoba indawo akuyona esuselwe ekhanda, kodwa indawo ekhona.

Inkathi: le ndaba yenzeka esikhathini sanamhlanje ngenxa yendawo eyenzeka khona okuyilokishi. Uhlobo lobugebengu oludlangile olumayelana nokwebiwa kwezimoto ohlukumeza abantu emalokishini. Sekukhona nabesifazane abaziphilisa ngokudayisa ngomzimba okwenzeka edolobhene laseThekwini. Sekuyimpilo eningi kubantu abansundu ukuba namandla okuzithengela izimoto.

Isimo senhlalo: Umbhali usivezele umphakathi ohlukene phakathi kule ndaba mayelana namazinga empilo angalingani nangafani. Isimo esidala lokhu inqubo yezepolitiki ngenxa yengcindezelo. Okokuqala abantu abansundu abazikhethelanga ukuhlala ezindaweni ezingamalokishi. Imbangela yalokhu kwaba yimithetho kahulumeni wabamhlophe owasusa abantu abansundu ngenkani ezindaweni zabo, lapho ababekwazi ukuzilimele nokufuya. Isimo abahlala ngaphansi kwaso esokumpintshana abakwazi ngisho nokuphefumula. Bese kuthi ezindaweni eziyimijondolo isimo sakhona asibekezeleleki ngenxa yokuzaca kwenhlanzeko edalwa ukuthi kokunye izindlu zangasese ezikho esimeni esihle namanzi awekho, atholakala kude nalapho abantu behlala khona. Isimo abaphila ngaphansi kwaso sendlala abantu sigcina sesibaphoqha ukuba baziphilise ngezenzo zobugebengu. Abanye baziphilisa ngokudayisa ngomzimba. Inkolo ivela ihluleka ukukwakha onembeza kubantu ngenxa yokuba lula ukuketulana ezikhundleni zobufundisi. Lokhu kuyavela ngokuba uMazibuko bakhe intulo nomkhakhe lokuketula umfundisi ngokuthi udlwengule umkakhe. Isonto livela likwazi ukuphucula impilo yomuntu ngokwesikhundla sobufundisi. Lokhu kuyacaca ngenkathi umfundisi Sokhela

ekhushulelwa esikhundleni sobufundisi kade ehlala emjondolo. Ubufundisi abusahambisani nobizo kodwa sekuyindlela yokuphila kangcono, yingakho nje noMazibuko wanele wabuthola ubufundisi lobo waqala waphila impilo engamanyala ngokuphuza ngokweqisa kanye nokulala nomahosha. Yiso ke lesi simo esadala ukugqubuzana phakathi kukamfundisi Sokhela nonobhala wakhe uMazibuko. yize uMazibuko engunobhala webandla impilo yakhe ayiguqukanga njengekamfundisi Sokhelo njengoba esehlala endlini kanokusho waphuma emjondolo emva kokukhushulelwa esikhundleni sobufundisi.

AMASU ASETSHENZISWE NGUMBHALI UKUKHULISA INDABA

- Umbhali usebenzise ubuhlongandlebe bukaSibusiso ukukhulisa le ndaba ngokuba babe magange ngokuthola amacebo angabathuthukisa kule mpilo yobugebengu. Lokhu umbhali ukwenze ngokuba bavakashele uKing isigebengu esaziwayo ebugebengwini bokwebiwa kwezimoto ejele. Lokhu bakwenza amahlandla amabili kodwa bangaphumelela ngoba uKing wabe esephendukile ezindleleni zobugebengu ngenxa yezintshumayelo zikamfundisi Sokhela.

- Uphinde umbhali wasebenzisa umfundisi uMazibuko mayelana nokungena ezicathulweni zikamfundisi Sokhela. Lokhu umbhali ukwenze ngokuveza indlela izinto ezenza ngayo umfundisi Mazibuko ngokushintsha izinto eziningi ebandleni ikakhulukazi ezithinta izimali. Nokushintsha kukamfundisi Mazibuko mayelana nokuziphatha ngokungena ezinkambeni kakhulu nokuxengelwa isimiso ngokulala nemahosha.

- Bese kuba isimo sikamfundisi sokhela esejele ehlushwa isiboshwa esesetshwayo uKing emenzisa zonke izinto ezingezinhle. Ukungalahlekelwa yithemba kukamfundisi Sokhela ngoba uvela elokhu ethembele kuNkulunkulu wakhe ngokumkhonzo ezimeni ezinzima. Lokhu engakwenzeli yena kuphela kodwa ekwenzela ngisho nabamhlukumezayo phakathi ejele. Mayelana nempilo yalaba bamfundisi, umbhali ukwenza sakuqhathanisi okwenzeka ezimpilweni zabo ngokuhlukana kwezindawo. Umfundisi uSokhela uyaqhubeka nokuphila ngokukhonza uNkulunkulu wakhe ukuba abenaye amlondoloze njengoba esejele aze asiqede isigwebo sakhe. Ngakolunye uhlangothi umfundisi Mazibuko uvezwa enganamathele ekumkhonzeni ukuNkulunkulu yize esesikhundleni sokuba ngabe konke akwenzayo uphakamisa igama lakhe kodwa kuyaphambana. Uziphilela impilo ebheke eceleni efaka ukuziphuzela utshwala ezindaweni ezingasifanele isikhundla sakhe.

Yiwo lamabanga amathathu ewahambayo indaba ishona phansi iphakama ize iyofinyelela kuvuthondaba.

ABALINGISWA

Laba ngabantu abenza okuthile endabeni bemele umphakathi indaba ebhalwe ngawo noma ebhalelwe wona. Kulindeleke ukuba izenzo zabo zikholeke ngokuba zihambisane nalokho okwenziwa umphakathi wendawo indaba ebhale ngawo noma ebhalelwe wona.

Abalingiswa abatholakala kule ndaba bayakholakala ngezenzo zabo ngenxa yokuhambisana kwendaba nendawo lapho yenzeka khona kanye nesimo senhlalo esinethonya kwabakwenzayo. Uma kuphonswa ihlo kubalingiswa besifazane abakwenzayo kuyakholakala mayelana nendawo kanye nesimo senhlalo. Uma sibheka umkaMazibuko siyathola eyishoshozela kumnyeni wakho mayelana nempilo engcono abangaba nayo uma nje bengaketula umfundisi Sokhela. Uyavela equnga isibindi ngokubheca umfundisi Sokhela ukuthi umdlwengulile ebe engazange wakwenza lokho umfundisi. Ngisho indoda yakhe isingene yagamanxa etshwaleni kanye nokulala nezifebe, uvela engadikibali ehlalela ethembeni ukuthi ngelinye ilanga uyoshintsha umnyeni wakhe. Ngisho esethola umkaMazibuko ukuthi umnyeni wakhe umthelele ngegciwane lengculazi kodwa utshengisa ukuthukuthela abuye nganeno njengokujwayelekile okwenziwa abanye abantu besimame. Kanti umkamfundisi Sokhela uvela ethatha izinto ngamawala eqoqa izimpahla zakhe ephindela kubo engasazinikezanga isikhathi sokulalela uhlangothi lomnyeni wakhe. Okunye okuvamisile okwenziwa ngabanye abesimame ukuthathela izinto ngamawala.

Mayelana nokuziphatha kukaSibusiso indodana kamfundisi Sokhela kuyakhoieka ngokwendawo, inkathi nangokwesimo senhlalo, izingane zilutheka kalula mayelana nezinto ezisheshayo. Ubugebengu enkathini yamanje sibumandla ezinganeni ezincane zabafana ngenxa yokuqhakambisa impumelelo enqamulelayo ukuthola izinto eziwubukhazikhazi.

ISIPHETHO

Yilapho silindele khona isixazululo senkinga yomlingiswa omkhulu, kodwa okufanele sikuqaphele ukuthi akufanele indaba iphethe ngendlela ebesiyilindele ngayo. Kufanele

kube khona ingwijikhwebu eyenza kube mnandi ukuphetha kwayo. Kule ndaba esikhundleni sokuba umfundisi Sokhela azikhulumele uma esenikeziwe ithuba kunalokho ubonga amakholwa ngokumuseka. Uphinde uyakudlulisa ukuveza ukuthi waboshwa kanjani mayelana necala angalazi. Kwenzeka okungalindelekile ngokuba ithumba lichambuzwe umnikazi wenkohlakalo umfundisi Mazibuko.

UKUHLUZWA KOMDLALO

ISIHLOKO SOMDLALO: KAWUMBIWA NGAWONYE

ISETHULO

Lo mdlalo umayelana nokuvezwa kombango othinta isikhundla sobukhosi. Umbhali lapha uzama ukuveza ukuthi emphakathini onsundu kuvamile ukuthi abanye abantu bayathanda ukuphila ngendlela engenabo ubulungiswa. Uphinde futhi aveze indlela ezibukwa ngayo izikhundla ikakhulukazi eziphathelene nobukhosi. Ngasohlangothini lwesakhiwo somdlalo kusukwe kubhekwa indlela izigameko ezihleleke ngayo. Okuyikona okubhekisisiswayo imbangela yokwenzeka kwezinto kanye nomphumela wokwenzeka kwazo. Ngamanye amazwi asibheki nje izigameko, kodwa sibhekisisa ukuthi yini edala ukuba isigameko leso senzeke, nanokuthi yini umphumela wokwenzeka kwaso isigameko endabeni.

ISIHLOKO

Awumbiwa Ndawonye: yini le engambiwa ndawonye, kunamthelela muni ukungambiwa kwakho ndawonye? Kuxhumana kanjani nendaba?

ISINGENISO

Lapha umbhali usethulela ummeleli kanye nokumxhakile empilweni. Ummeleli kulo mdlalo **uSigodlo oyibambela nkosi yakwaDlamini**. Isizathu esenza uSigodlo abe ngummeleli yingoba indaba yakhelwe phezu kwakhe. Isimo senhlalo yisona esenza abhekane nezinkinga empilweni. Kulo mdlalo umbhali usethulela imbambela lenkosi elibhekene nezinkinga ezimbili. Eyokuqala imayelana nokuthi sekufanele inkosi igudluke esihlalweni sobukhosi ngoba umnikazi waso usekulungele ukusithatha. Inkinga yesibili

ukugula okuyiphethe okuyisifo somdlavuza wamaphaphu osekubahlulile odokotela iphila nje ngenxa yemithi yenyanga yayo uGegedla. Konke lokhu kuyayikhathaza kakhulu inkosi ngoba ngokwayo kwakufana nokuphucwa iqatha emloyeni ikakhulukazi mayelana nobukhosi. Lokhu iyakugcizelela ukuthi ngeke ngempela lobukhosi isabudedela ngoba yabusebenzela kanzima kanti futhi buyifa laphakade. Yingakho nje izama ngokusemandleni ukuthi iyaqamba iyakhothama ubukhosi busala endlini yayo ngaphansi kwendodana yayo uNtabeni.

UMZIMBA

Yilapha indaba yenzeka khona ngenxa yezigameko ezehlela abadlali njengamalungu omphakathi. Lapha silindele ukuba umbhali ayenze indaba yakhe ikholeke ngokuthi lokho okwehlela abadlali bakhe kube yilokho okungenzeka noma okwenzekayo emphakathini esihlala kuwo. Ukukholeka kwendaba kuphinde kuncike kakhulu ekutheni okwenzeka endabeni kuyahambelana yini nomphakathi. Nokuthi umbhali afake endabeni lokho okuwusizo nokuyiqhubezela phambili indaba. Isizathu ukuthi indaba iyisibuko somphakathi lapho umphakathi ozibuka khona mayelana nokwenzeka ezimpilweni zabo.

ISIZINDA

Indawo: Le ndaba yenzeka endaweni yaseMathole okuyindawo yasemakhaya asenempilo anezimpawu zamanje ngoba abantu basephethwe ubuholi bendabuko obulekelelwa izinduna. Kanti nabelaphi bendabuko basabalulekile njengoba kuvela nje ukuthi inkosi inenyanga yayo. Izindawo zasemakhaya zisakhululekile mayelana nosikompilo lwabantu abansundu lokhu kufakazelwa indlela abakhe ngayo imizi yabo.

Ukukhululeka kukhulu ngenxa yokuvuleka kwezindawo zokuhlala, ngoba bangcwaba khona ekhaya.

Inkathi: lo mdlalo wenzeka esikhathini sanamhlanje ngenxa yokuthi izindawo ezingamakhaya zibuswa ngokubambisana phakathi kobuholi bendabuko nobuholi bamakhansela obukhethwa ngabantu ngokuvota. Kuyavela kulo mdlalo ukuthi kukhona nekhansela le ndawo uMajobo osebenza ngokubambisana nenkosi uSigodlo. Sekukhona nodokotela yingakho nje inkosi ihamba odokotela ngenxa yesifo somdlavuza.

Isimo senhlalo: Umbhali usivezela umphakathi owolwa ubuholi obehlukene kodwa bubambisene, inkosi nekhansela. Amadoda aphuza utshwala besintu uma ehlangene. Abantu basebethembele kubelaphi bendabuko kanye nodokotela abelapha ngokwaseNtshonalanga. Kusesentshenziswa izimoto kokuningi abakwenzayo abantu baseMathole. Imfundo isithathwa njengento ebalulekile, ezinye izingane zaseMathole zinemfundo ephakeme. Ezinye izingane ziziphilisa ngokudayisa izidakamizwa. Kusetshenziswa ubuthakathi kanye nezinkabi ukugudlula abayiziphazamiso. Lokhu kuyagqama ngesikhathi usiGodlo ezama ukubulala uThulebona esebenzisa uGegedla wahluleka wagcina ngakho ukuthenga inkabi nayo yahluleka ngenxa yokuvikelwa kukaThulebona amathongo akubo.

AMASU ASETSHENZISWE NGUMBHALI UKUKHULISA UMDLALO

- Umbhali usebenzise ukugula kwenkosi uSigodlo okugalapheki umdlavuza omenza angabinakho ukukhululeka ngenxa yokuthi ufuna ubukhosi busale kweyakhe indlu uma ekhothama.

- Ihlandla lesibili umbhali usebenzise uThulebona ngokufuna ukuthatha izintambo zobukhosi. Lokhu uSigodlo kumuhlalisa ngesinqe esisodwa, uzama zonke izindlela zokulwa ukuvikela isikhundla sobukhosi.

IMIZAMO KASIGODLO OKULWA NOTHULEBONA

1. **Uqale ngokubiza imbizo** ukudicilela phansi isithunzi sikaThulebona ukuze isizwe singamethembi. Waphinda wasebenzisa inyanga yakhe uGegedla ngokuthi imfake isinyama. Konke lokhu akusebenzanga, kwase kukhuphula ixhala lokuthi isikhundla sobukhosi siyamphunyuka.

2. **Okwesibili uphinde wenza ezinye izaba zokugudlula uThelebona ngokusebenzisa** uGegedla ukuba amthumelele ngempundula njengoba akwenza lokho kumfowabo uyise kaThulebona. Umphumela kwaba ngukuthi inyanga yakhe yangena egozini yemoto yagcina ngakho ukuphangalala.

4. **Okwesithathu wathenga inkabi besizana nendodana yakhe uNtabeni ukuba ibulale** uThulebona. Nawo futhi lowo mzamo wahluleka, umphumela kwaba ukuboshwa kwendodana yakhe ngenxa yezidakamizwa.

5. **Okwesina uSigodlo waphoqeleka ukuba asidedele isikhundla ngoba kwase kucaca ukuthi** abaphansi yibona abangafuni ukuba ubukhosi buphelele endlini yakhe uSigodlo.

Yiwo lamabanga amane ahanjwe umdlalo ushona phansi uphakama uze iyofinyelela kuvuthondaba.

ABADLALI

Laba ngabantu abenza okuthile emdlalweni bemele umphakathi indaba ebhalwe ngawo noma ebhalelwe wona. Kulindeleke ukuba izenzo zabo zikholeke ngokuba zihambisane nalokho okwenziwa umphakathi wendawo indaba ebhale ngawo noma ebhalelwe wona.

Abadlali abatholakala kule ndaba ewumdlalo bayakholakala ngezenzo zabo ngenxa yokuhambisana kwendaba nendawo lapho yenzeka khona kanye nesimo senhlalo esinethonya kwabakwenzayo. Uma kuphonswa ihlo kubalingiswa besifazane abakwenzayo kuyakholakala mayelana nendawo kanye nesimo senhlalo. Uma sibheka umkaSigodlo uMaNzuza siyamthola esekela umnyeni wakhe mayelana nokuvikela ubukhosi okungesibo bendlu kaSigodlo.

Kanti uMaNzimande unkosikazi wenkosi eyakhothama uvela esekela indodana yakhe mayelana nokuthi ubukhosi bubuyiselwe endlini enkulu ngokuba buthathwe indodana yakhe.

ABADLALI ABABALULAKILE

USigodlo ungummeleli ngoba umdlalo wonke wakhelwe phezu kwakhe konke okwenzeka emdlalweni kumayelana naye.

ABALEKELELI BAKHE

Induna uMadiliza

UMaNzuza

UGegedla inyanga

IZIMBANGI ZIKASIGODLO

- UNdlamuza
- UThulebona

Abalekeleli bakhe: UbaThulebona

UNjengabantu ——— Izinduna jentshi eseyakha khama

UShwashwada

Unina uMashiniande

Izinduna zikayise zimlekelela ukuba athathe isihlalo sobukhosi. Baphinda bamlekelela ngesikhathi esethatha umfazi ngamalobolo.

UMagoda

Wamsiza ngokumqinisa ngemithi ukuze avikeleke kumkhunkulu kayisomncane uGegedla.

ISIPHETHO

Yilapho silindele khona isixazululo senkinga yomlingiswa omkhulu, kodwa okufanele sikuqaphele ukuthi akufanele indaba iphethe ngendlela ebesiyilindele ngayo. Kufanele kube khona ingwijikhwebu eyenza kube mnandi ukuphetha kwayo.

Kulo mdlalo sithola uSigodlo esephelelwe amacebo ngokuba avume ukwehla esihlalweni senkosi engcotshwe ngabaphansi, kanti nempilo yayingaseyinhle sekubalwa izinsuku.